

Imizwa Emikhulu Emihlanu



Nembungulu Engumanyonyoba

Ibhalwe nguSiobhán Sweeney

Ihunyushwe nguYamkela Khoza



Muntu omdala, sicela ufunde lokhu kuqala:

Sanibonani Bazali, Banakekeli kanye Nabantu Abadala,


Ninjani?

Ngiyacabanga ukuthi lesi isikhathi esinzima kuwe kanye nezingane zakho. Izikhathi ezenza singaqiniseki ngokuningi ezimpilweni zethu zidala imizwa ehlukehlukehene. Imizwa yezingane ayiqoqekile kanti futhi indlela izingane ezibonisa ngayo imizwa yazo inamandla. Kungaba nzima ukubhekana noma ukuqonda imizwa yezingane. Kuyisifiso sombhali wale ncwadi ukusiza izingane kanye nabantu abadala ukuthi bakwazi ukubhekana nemizwa abanayo. Isifiso sami ukunika izingane amathuluzi, la mathuluzi atholakala kule ndaba emayelana nemizwa yezingane. Ngiphinde ngibe nesifiso ngale ncwadi sokusiza abantu abadala bakwazi ukubhekana nemizwa yezingane zabo.

Imizwa Emikhulu Emihlanu Nembungulu Engumanyonyoba yincwadi yabantwana enemidwebo, imayelana nalokho abakuzwayo ngaphakathi ngenxa yalezi zikhathi esibhekene nazo. Kusetshenziswe abalingisi abangamaqhawe nabaziwayo yizingane zaseNingizimu Afrika. Ngokusebenzisa laba balingisi, le ncwadi ifuna ukubonisa ukuthi izingane ziwubona ushintshe kangakanani na umhlaba. Ubhubhane lweCoronavirus lulethe imithetho eminingi, usizi kanye nokufa ezweni lonke. Iningi labantu abadala nentsha bayakwazi ukukhuluma ngemizwa noma ingcindezi abanayo. Izingane ezincane zibonisa ukukhathazeka noma ukukhungatheka kwazo ngokuziphatha nangemizimba yazo. Le ncwadi akuyona incwadi yabantwana ejwayelekile, kepha iyithuluzi elisiza ngokwazi ngemizwa. Le ncwadi ichaza kabanzi ngemizwa, imicabango kanye nokuziphatha ongakuqaphela ezinganeni ngalesi sikhathi esinzima esibhekane naso. Iphinde ihlole ukuthi yiziphi izinguquko ekukhuleni kwengane ezingasibonisa okwenzekayo ngaphakathi kuyona. Ngifisa ukusiza abazali, abanakekeli, othisha kanye nabantu abadala ngokuthi bazi ukuthi bangabhekana kanjani nemizwa izingane eziyibonisa ngokucasuka, ukukhalaza noma ukubuyela emuva ezintweni ebekade zizazi. Ngaphezu kwalokho, le ncwadi izama ukuxhasa abantu abadala nezingane ngezindlela abangabhekana ngazo nezinsalela abanazo kulesi sikhathi.

Kungahle kube nezingxenye lapha endabeni ingane yakho ethola kunzima ukuzizwa noma ukuziqonda, ngakho-ke ukuhlala eduze nazo izingane ngenkathi uzifundela, kuzenza zizizwe ziphephile futhi ziduduzekile. Ukufunda ndawonye nengane kungasiza ukuthi ingane yakho ikhulume nawe ngemizwa yayo, ikakhulukazi uma iphendula imibuzo esencwadini. Kulungilie futhi uma ingane ingafuni ukukhuluma noma ukuphendula imibuzo esencwadini. Ungakhathazeki uma ingaphenduli noma ingakhulumi, yazi ukuthi iyakuzwa lokhu okusendabeni futhi kukhona okuwenzayo emqondweni wayo.

Njengomuntu omdala empilweni yengane yakho, ngiyazi ukuthi ukhathazekile ngempilo yayo, futhi ufuna ukwazi ukuthi ithini imicabango nemizwa yayo ukuze uxazulule izinkinga zayo. Kungenzeka kube nezikhathi lapho kunzima ukuzwa imizwa yengane yakho njengoba lokhu kukhulisa neyakho imizwa. Inhloso yale ncwadi ukwakha ubudlelwane obenza



ingane nomzali noma umuntu omdala bakwazi ukukhuluma nokucabanga ngemizwa yabo. Ukuhlala ndawonye nemizwa yenu yinto enhle ngoba kuyasiza ukuthi uphe ingane isikhathi nindawonye. Kungaba khona izikhathi lapho ungakhoni ukuhlala nengane yakho nemizwa yenu. Ungakhathazeki, zicabangele futhi ube nesineke kuwena nengane yakho. Uma ingane yakho ingasafuni ukuqhubeka nokufunda, yivumele niphumule. Uma ukhathazekile ngengane yakho noma ucabanga ukuthi nidinga usizo wena nengane yakho, kunezinsiza nezinhlangano ezingakusiza. Imininingwane yokuxhumana nazo iyatholakala ekhasini elilandelayo.

Iphuzu lokugcina engikucela ukuthi ulikhumbule ukuthi abalingisi kule ncwadi kanye nendaba bayizinganekwane futhi **abukho ubufakazi obukhona manje** obukhombisa ukuthi izilwane zidlala indima enkulu ekusakazeni i-COVID-19. Ngokusho kweWorld Health Organisation (WHO, kuMbaso 2020), iCOVID-19 isakazwa noma idluliselwa ngabantu. Sicela uvakashele la makheli e-inthanethi alandelayo ukuze uthole imininingwane ethe xaxa, kanye nemininingwane emisha ngeCOVID-19 nezilwane: NSPCA (<https://nspca.co.za/news/covid-19-and-animals/>), CDC (<https://www.cdc.gov/coronavirus/2019-ncov/daily-life-coping/animals.html>), kanye neWHO (<https://www.who.int/news-room/q-a-detail/q-a-coronaviruses>). Eminye imithombo eneminingwane ngegcwane leCorona kanye neCOVID-19 itholakala ekhasini elilandelayo.

Le ncwadi ifuna ukuqinisekisa, ukuveza obala nokwamukela imizwa izingane ebhekene nayo; ingaba yimizwa eyibonisa ngokusobala noma imizwa engaphakathi. Isifiso sami ukuthi le ncwadi iyokwenza uqaphele indlela izingane ezibhekana nezinsalelo kanye nezidingo zazo zengqondo, nokuthi eyiphi indima ongayidlala njengomuntu omdala. Nginethemba lokuthi le ncwadi iyobuya iphose esivivaneni ngokukhuthaza ukuthi wazi ukuthi umuntu nomuntu uthintekile ngendlela ehluke ngalesi sikhathi esinzima kangaka esibhekene naso.

Zinakekele, uphephe futhi ukhumbule ukuthi akumele ukuthi ubhekane nalesi sikhathi uwedwa.

Sizodlula kulokhu ndawonye!

Ngikufisela okuhle,



Umbhali uhlose ukuthi le ncwadi isatshalaliswe mahala. Lena yindlela yokusekela umphakathi waseNingizimu Afrika obhekene nalolu bhuhane lwe-COVID-19 nemiphumela emibi ehambisana nalo.

Le ncwadi, *Imizwa Emikhulu Emihlanu Nembungulu Engumanyonyoba*, iyatholakala ngeSingisi, ngesiBhulu nangesiXhosa. Uma ufuna ulwazi oluthe xaxa noma unemibuzo mayelana nokusatshalaliswa, ukuhumusha nokuhunyushwa okwengeziwe, sicela uxhumane nomlobi wale ncwadi uSiobhán Sweeney (siobhan@humannature.co.za).





Iminingwane yokuxhumana yezinsiza ezisizayo nokusekelwa:

SADAG: The South African Depression and Anxiety Group

Inombolo yocingo nokwelulekwa ocingweni (isebenza amahora angama-24/ilanga lonke): 0800 21 22 23 / 0800 70 80 90 / 0800 456 789

SMS-ela ku-31393 / 32312 (isebenza amahora angama-24/ilanga lonke) ukuze umeluleki akuthinte ngocingo.

Inombolo yosizo uma unemicabango yokuzibulala: 0800 567 567

<http://www.sadag.org>

FAMSA: Families South Africa Western Cape

Ukwelulekwa ubuso nobuso (Observatory): 021 447 0170

Ukwelulekwa ubuso nobuso (Khayelitsha): 021 361 9098

Ukwelulekwa ku-inthanethi/kwezokuxhumana ngomoya: 067 082 1567

<https://www.famsawc.org.za>



The Parent Centre

Ukwelulekwa kwabazali: counselling@theparentcentre.org.za

<https://theparentcentre.org.za>

JPCCC: JHB Parent and Child Counselling Centre

Ukwelulekwa ku-inthanethi/kwezokuxhumana ngomoya: gaby@jpccc.org.za noma ungathumela umlayezo ngoWhatsApp ku-071 608 9361

<http://www.jpccc.org.za>

CTCAPG: The Cape Town Child and Adolescent Psychotherapy Group

<https://capechildadolescentpsychotherapy.co.za/find-a-therapist.html>

Childline:

Inombolo yosizo (24 hours): 08 000 55 555

Amagumbi okwelulekwa kwe-inthanethi: <https://www.childlinesa.org.za/contact-us/>

<https://www.childlinesa.org.za>

WCAIMH: Western Cape Association of Infant Mental Health

Imizamo yokusekela ye-WCAIMH ngeCovid-19: <https://www.infantmentalhealth.co.za/covid19.html>

Centre for Early Child Development

Imithombo nge-COVID19: <https://cecd.org.za/news/covid19resources/>



Iminingwane ethethe xaxa mayelana ne-COVID-19 ingatholakala kule mithombo elandelayo:

National Institute of Communicable Disease. Imihlahlandlela yeCOVID-19. Ithokala ku-

<https://www.nicd.ac.za/diseases-a-z-index/covid-19/covid-19-guidelines/>

UMnyango WezeMpilo kuZwelonke. Igciwane leCorona (COVID-19) – Ivuselelwe. Itholakala ku-

<http://www.health.gov.za/index.php/outbreaks/145-corona-virus-outbreak/465-corona-virus-outbreak>

Izinsiza ngegciwane leCOVID-19 eNingizimu Afrika. Itholakala ku- <https://sacoronavirus.co.za>

Inombolo kaWhatsApp Yokwelekelela: 0600-123456

World Health Organisation: Imibuzo nezimpendulo mayelana negciwane leCorona (COVID-19). Itholakala

ku- <https://www.who.int/news-room/q-a-detail/q-a-coronaviruses>

SAWUBONA!

Le yindaba ekhuluma ngabangani bami Abakhulu Abahlanu kanye nemizwa yabo Emikhulu Emihlanu.

Uyabazi laba bangani bami Abakhulu Abahlanu? Ingabe nawe ungumngani wabo?

Mhlawumbe nje nawe uba nayo Imizwa Emikhulu Emihlanu njengabo abangani



bami. Nami ngiba nayo noma nje ngimdala!

Awuthi ngikuxoxele indaba ngeMizwa Emikhulu Emihlanu, ukuze ubone ukuthi unayo na wena le mizwa Emikhulu Emihlanu.

Bamba isandla somuntu omdala, singene ehlathini!

Lapha ehlathini yindawo ekhethekile, kodwa iphinde ibe yindawo eyethusayo.
Kuhlala khona Izilwane Ezinkulu Ezinhlanu.

ULena, ingwe,



UBulumko, inyathi,



ULerato, ingonyama,



U-Enzokuhle, indlovu




kanye noRudi, ubhejane.



Laba bangani Abakhulu Abahlanu bahlala bematasa benza lokhu nalokhuya.
Ngesinye isikhathi benza izinto ezimnandi nezijabulisayo, kodwa ngesinye
isikhathi benza izinto ezingajabulisi kakhulu, njengokuhlala besesikoleni ilanga
lonke!

Bayathanda ukudlala ngaphandle elangeni noma emvuleni.

ULena uyathanda ukugibela izihlahla ezinde.




ULerato yena uyathanda ukuzigingqa otshanini kanye nabafowabo nodadewabo.


UBulumko yena uthanda ukuvakashela ugogo nomkhulu wakhe. U-Enzokuhle uthanda ukudlala emanzini kanye nomhlambi wezinye izindlovu.




Kanti uRudi uthanda ukuzihambahambela lapha ehlathini nabazala bakhe abathanda ukubanga umsindo!



Izinyanga eziningi lapha ehlathi zigcwele injabulo. Amalanga amaningi agcwele intokomalo. Abangani Abakhulu Abahlanu badlala bonke nsuku zonke. Lapho omunye wabo engazizwa kahle, noma enelanga elidabukisayo, noma ecasukile, bonke laba bangani bayasondela bazoduduza umngane wabo.



Ezinye izinsuku zimnandi kanti ezinye zibuhlungu. Kodwa ukwazi ukuthi kuzohlala kunezinsuku ezinhle kwenza izinsuku ezingezinhle kangako zibe lula.



Ngelinye ilanga kwenzeka into embi kakhulu, into eyenza izinsuku eziningi zingabi mnandi neze.

Ngaphambi kokuthi siqhubeke nale ndaba, qiniseka ukuthi uhlezi nomuntu omdala. Kungangcono uma ungase uhlale phezu komuntu omdala noma ubambe isandla sakhe ngenkathi sifunda.

Usukulungele ukufunda?

Kuhle! Nami Njalo.

Ekuqaleni, lento embi ayizange ibonakale imbi kangako kuBangani Abakhulu Abahlanu. Abanye babengazi ukuthi kunezilwane ezigulayo kwezinye izingxenye zomhlaba. Kepha ezindaweni ezikude, izilwane eziningi ziyagula. Zinamaphimbo abuhlungu noma amakhanda abuhlungu. Ezinye zinamafinyela angapheli emakhaleni. Ezinye zinokushisa okusezingeni eliphezulu, kanti ezinye ziyahluleka ukuphefumula kahle.



Ezinye izilwane ziya esibhedlela lapho odokotela kanye nabahlengikazi besebenza kanzima ukuzisiza. Ezinye izilwane ziqale zigule kakhulu ngaphambi kokuba zibe ngcono. Kanti ezinye azibi ngcono.



Izilwane ezinkulu ehlathini zaqala zakhuluma ngembungulu ekhohlakele futhi engumanyonyoba. Imbungulu ehamba izindawo ngezindawo ingabonwa muntu. Le mbungulu bayibiza nge**Coronavirus** noma i-**COVID-19**.

Usuke wezwa ngayo le mbungulu?



Izilwane ezincane zona zididekile. “Izigulisa kanjani izilwane imbungulu encane nengabonakali kungekho muntu owaziyo?”

Le mbungulu ingumanyonyoba ngoba ilenga emoyeni uma izilwane zikhwehlela noma zithimula. Futhi iyagxuma isuke kwesinye isandla iye kwesinye, noma isuke esandleni iye kunoma yiyiphi into ebanjwe yisandla. Konke lokhu kwenzeka kungekho muntu oyibonayo.

Le mbungulu engumanyonyoba ihamba ngokushesha ize ifinyelele ezindaweni ezikude. Seyize yafinyelela nalapha ehlathini yenza ezinye izilwane zagula. Ezinye izilwane ziyazama ukuthi le mbungulu ingazivakasheli, noma ivakashele izihlobo nabangani bazo. Zenza konke okusemandleni ukuthi ziqaphele futhi zigcine zonke izilwane ziphephile futhi zinempilo.

Ngabe ucabanga ukuthi zisizana kanjani?

Ngaso sonke isikhathi lapho bengaphandle noma bethinta okuthile okuvela ngaphandle, Abangane Abakhulu Abahlanu bageza izandla zabo beziculela ingoma.



Bebephuma baye ngaphandle noma bavakashele izindawo zomphakathi uma kunesidingo ngempela noma bephoqelekile.

Awusho, yini oyenzayo ukuzigcina uphephile futhi usempilweni?

Mhlawumbe ungasipha amasu!



Kuke kwaba nesikhathi lapho bengasayi esikoleni, futhi bengasabavakasheli abangane babo, omakhelwane kanye nezihlobo zomndeni esezikhulile.



Ekuqaleni bekufana neholide elide ekhaya nomndeni. Kwakumnandi!


Kodwa ekuhambeni kwesikhathi, amalanga onke aya ngokufana.

Manje umhlaba ubukeka uhlukele.

Izindawo ezazizazi kahle lezi izilwane azisajwayelekile.



Zonke ziggoka imaski uma ziya ngaphandle.




Kanti futhi zenza isiqiniseko sokuthi ziyaqhelelana uma zindawonye, zingasondelani.



Kanti uma bebona isilwane abasaziyo Abangani Abahlanu Abakhulu, ngeke basigone noma basixhawule isandla!

Kwesinye isikhathi iyabacasula indaba yokugqoka imaski noma ukuhlala bezivalele endlini. Kwesinye isikhathi bayesaba ukuphuma ngaphandle. Kwesinye izikhathi bazizwa benokudabuka futhi bengeneme neze ngoba abakwazi ukudlala nabangani babo.



Ngaphambi kokufika kwale mbungulu engumanyonyoba lapha ehlathini, uRudi wayelala yedwa. Manje wesaba ubumnyama, usefuna ukulala eduze nonina encela isithupha sakhe. Ebusuku uRudi uzizwa esaba futhi emncane. Kodwa emini uzenza sengathi ukhulile, kulawula yena.




NjengoRudi, uBulumko uyazama ukulawula ezinye izinyathi ekhaya. UBulumko uyacasuka uma ezinye izinyathi ziphuma ngaphandle. Kanti wayengajabule neze ngenkathi kwakumele ayobona udokotela!

Ingabe kukhona izikhathi lapho nawe ungafuni ukuphumela ngaphandle?

U-Enzokuhle yena ufuna ukugona umkhulu wakhe noma kukayishumi ngelanga. Phela ufuna ukwenza isiqiniseko sokuthi akaguli umkhulu. U-Enzokuhle uyesaba ukuthi umkhulu wakhe angafa uma le mbungulu ingase imnyonyobe.



URudi uhlala ebukele izindaba futhi elalele okushiwo izilwane ezindala ngale mbungulu engumanyonyoba. URudi utshela umndeni wakhe konke akwaziyo ngembungulu engumanyonyoba. Kanti ufuna bahlale beqhelelene. Lokhu kuyamthusa umzala wakhe omncane, uRudi azisole.



URudi uyesaba ukuthi le mbungulu engumanyonyoba izolimaza umndeni wakhe. Ukhathazekile ukuthi imbungulu engumanyonyoba izomgxumela. Ingabe nawe uyesaba?

Umama kaRudi uyakhuluma naye mayelana nemizwa yakhe. “Rudi, mhlawumbe lezi zinto **EZINKULU** uzenziswa ukuthi uzizwa wesaba futhi **umncane** – njengomzala wakho omncane. Nami ngiba nako ukwesaba ngezinye izikhathi.”

“Mhlawumbe lolu lwazi oluningi onalo lukwenza uzizwe sengathi kukhona ongakwenza ngale mbungulu engumanyonyoba.”



Umama wakhe wamtshela ukuthi sekunguyena ozobukela izindaba, kanti futhi uyomtshela imininingwane acabanga ukuthi uRudi kumele ayazi. Ekuqaleni uRudi wayekhathazekile ukuthi lokhu kwakuzomethusa unina kodwa manje useyazi ukuthi unina uzoyinqoba kanjani le mbungulu engumanyonyoba.

URudi uyazama ukungabonisi ukuthi uzizwa esaba futhi emncane, ukuze umzala wakhe omncane acabange ukuthi mdala futhi uhlakaniphile. Kodwa ebusuku uRudi uzizwa emncane, ikakhulukazi uma ephuphe kabi.




Ingabe wena uke waba nawo amaphupho amabi kamuva nje?

Ayikho inkinga uma ufuna ukukhuluma ngawo manje. Singalinda ngesikhathi usaxoxela umuntu omdala. Kanti futhi ayikho inkinga uma ungafuni ukukhuluma, singaqhubeka sifunde.

Amaphupho amabi ayemethusa ngempela uRudi, kodwa uyazi ukuthi uma ezizwa emncane noma esaba angakhuluma nonina. Uma emgona unina, uzizwa ephephile futhi.

Ingabe wena yini oyidingayo engakwenza uzizwe uphephile?



Kwesinye isikhathi uyakuthanda ukuba sekhaya engenzi lutho uLena. Kodwa ngezinye izikhathi kunzima ngoba akekho uthisha wakhe ozomtshela ukuthi angaqala nini ukusebenza, ayeke nini. Kunzima ukujula emsebenzini wakhe nokuzenzela umsebenzi kungekho omsizayo.

Ubaba wakhe uhlala njalo ezombheka ukuthi uyawenza yini umsebenzi wakhe, kodwa amthole ebheke ngaphandle ngefasitele.

Ekuqaleni ubaba wakhe wamthethisa ecasukile wathi, “Yenza umsebenzi wakho!”

Kodwa emva kwesikhathi wazibuza ukuthi kungani uLena engakwazi ukubhekana nomsebenzi wakhe. Izinto sezishintshe kakhulu manje. ULena akayona ingane engalaleli; imizwa yakhe yenza kube nzima ukuthi abhekane nomsebenzi wakhe wesikole. Unenhliziyi ebuhlungu ngoba ukhumbula izikhathi zakudala ezimnandi.



Ubaba kaLena wagcina embuza lapho uLena ebelesela ebheka ngaphandle ngefasitele, “Lena, ucabangani?”

“Ngicabanga ukuthi ngingasithola kuphi isihlahla eside kunazo zonke engingasigibela!”

Imicabango enjengalena ikhumbuza uLena ngezikhathi ezimnandi, izikhathi lapho wayezizwa ejabulile uma enza izinto azithandayo!

Uthe ubaba kaLena lapho embona ukuthi usejulile ngemicabango uLena, waqala wakhuluma naye ngemizwa yakhe emenza azizwe ejabhile.

Lapho ethi uhlanza ikamelo lakhe uLena, uyakhohlwa yilokho akwenzayo aqale adlale ngamathoyizi akhe. Kuthi lapho kushona ilanga, ikamelo lakhe libe lisangcole kakhulu.

Ubaba kaLena uyazibuza ukuthi ingabe ingqondo kaLena imatasa kangangokuthi akasakwazi ukwenza into eyodwa ayiqede na? Kwesinye isikhathi uyamsiza ukuthi akwazi ukubhekana nento eyodwa, nanokuthi azibekele isikhathi sokuhlaza ikamelo lakhe. Kwesinye isikhathi uyamyeka **azidlalele**.

Ukudlala kuyayisiza imizwa kanye nemicabango yakhe.



ULena uzizwa ejabulile uma egwencela izihlahla, egijima noma edlala imidlalo. Ubaba wakhe uyadlala naye imidlalo esiza ngokuzovocavoca. Lokhu kuyamjabulisa!

UBulumko unesisu esibuhlungu. Udokotela uyamsiza ukuthi alulame kodwa ukhathazekile ngemizwa kaBulumko.



Umamncane kaBulumko uqaphele ukuthi isisu sikaBulumko siba buhlungu uma ekhathazekile. Umamncane wahlala naye phansi ngoba wayesola ukuthi isisu esibuhlungu yindlela ebonisa ukuthi uyesaba. Mhlawumbe uyesaba ukuthi akakwazi ukuxosha le mbungulu engumanyonyoba ukuze ingaphazamisi impilo yabo emnandi.

UBulumko uzizwa engcono uma elalele umamncane wakhe ngoba ukhathele kakhulu, akakwazi ngisho nokukhuluma. Uzizwa engcono uma umamncane wakhe kunguyena omcabangelayo futhi okhuluma ngemizwa yakhe. Futhi kuyasiza kakhulu uma emgona!



UBulumko ubona sengathi wenza amaphutha amaningi emsebenzini wakhe wesikole. Uyacasuka futhi uzibiza

ngamagama angemahle. UBulumko utshela umamncane wakhe ukuthi kumele akwazi ukwenza izinto ngendlela eqondile, njengokugcina umndeni wakhe uphephile.

Umamncane kaBulumko useyabona manje ukuthi uBulumko uyazisola ngalezi zinto ezimbi ezenzakalayo.



“Ngiyazi ukuthi uyesaba. Zonke izilwane ziyesaba njengawe. Kodwa **zonke izilwane** emhlabeni kumele zisebenzisane. Uma kunomuntu ogulayo, **zonke izilwane** ziyolekelela.”

UBulumko uzizwa engcono.

Lapho uBulumko ezizwa esaba noma ecasuka futhi, umamncane uba nesineke, amkhumbuze ukuthi akulona iphutha lakhe ukuthi kunezinto ezimbi ezenzekayo.

ULerato uzizwa ejabulile. Kodwa uma kunesilwane esenza noma esisho into angayithandi uyacasuka kube ngathi uzoqhuma!

Uke wacasuka wazizwa sengathi uzoqhuma?

“Yeka lento oyenzayo!” Kusho abazali bakhe bemkhuza


“Hlala phansi!”

“Thula!”

Kodwa akakwazi ukuzibamba.

Uyakhafula naye uma bekhuluma naye. Uthanda ukulwa nabafowabo kanye nodadewabo. Uma elwa, uzizwa **EMKHULU** futhi ebalulekile. Futhi lokhu kwenza imizwa yakhe **emincane** inyamalale.

Kungabonakala sengathi uLerato yingane engezwa futhi engenandaba nemizwa yezinye izilwane. Kodwa abazali bakhe bayabona ukuthi kunemizwa efihlakele eyenza azizwe ecasukile. ULerato ucasukile ngoba sekunemithetho eminingi manje – ekhaya *kanye* nangaphandle! Uzizwa sengathi akavumelekile ukwenza izinto azifunayo. Lokhu kumenza azizwe emncane futhi esaba. Abazali bakhe bayamkhumbuza, “Yebo kuningi okushintshile ngaphandle kodwa ikhaya nomdeni wakho usafana.”



ULerato uyazisola ngokukhuluma kabi. Abazali bakhe bayamgona ukumbonisa ukuthi basamthanda. Bayamsiza ukuthi acabange ngezindlela angakwazi ukubhekana ngazo nemizwa yakhe. Angachaza ngendlela azizwa ngayo noma enze izinto ezimenza ehlise umoya.

Yiziphi izinto othanda ukuzenza ezikwenza wehlise umoya?



Ngezinye izinsuku uLerato uzihlalela yedwa ekamelweni lakhe angafuni ukuba nabantu. Akujwayelekile ukuthi uLerato athule kanje.



Lapho ubaba kaLerato ezombheka ukuthi unjani, uLerato ubheka phansi, angambuki ebusweni ubaba wakhe. ULerato akazi ukuthi uzizwa kanjani. Ubaba wakhe uyamsiza ukuthi awazi amagama emizwa yakhe: “Ingabe uzizwa udabukile ngoba ungakwazi ukudlala nabangani bakho njengenjwayelo? Mhlawumbe iyakucasula indaba yokuthi ungakwazi ukukushintsha lokhu?” Kuyasiza uma ubaba kaLerato ehlala naye phansi, embonisa ukuthi akuyona into embi ukuzizwa udabukile.

Uma esezizwa engcono, bacabanga ngezinto ezimnandi angazenza – njengokukhuluma nabangani bakhe, ukubona uthisha wakhe, kanye nokuchitha isikhathi nomndeni wakhe.



U-Enzokuhle uhlala ecabanga ngezinto ezethusayo. Ushintsho olukhona emhlabeni lumeza azizwe esaba. Akazi ukuthi kuzoba njani esikoleni manje. Uyesaba ukushiya ugogo nomkhulu wakhe.

U-Enzokuhle uzizwa sengathi uyingane engakwazi ukuzenzela lutho. Lokhu kumenza angazizwa kahle.




Kwesinye isikhathi akafuni ukudla futhi akafuni ukushintsha izingubo zakhe. Ugogo nomkhulu wakhe bayamsiza ukuthi enze izinto ayekade ekwazi ukuzenza ngaphambilini – njengokudla noma ukuzigqokisa. Ugogo uthanda ukuthi u-Enzokuhle usefana nesithunzi sakhe, lapho ekhona naye ukhona. Uma esekhishini, no-Enzokuhle ukhona. Uma esekamelweni lokulala, nalapho futhi ukhona u-Enzokuhle!

“Ngiyazi ukuthi uyesaba ukuba wedwa khona manje. Kulungile uma ufuna ukuhlala unathi,” kusho ugogo wakhe. Uyazi ukuthi uma eseduze no-Enzokuhle, kumenza azi ukuthi akayedwa futhi konke kuzolunga. Uyamkhuthaza ukuthi azenzele izinto. Lokhu kwenza u-Enzokuhle azizwe **emkhulu futhi emncane!**

U-Enzokuhle uthanda ukukhala kakhulu manje. Uzizwa edabukile futhi engeneme. Uyazi ukuthi ugogo nomkhulu wakhe bakhathazekile. Kubonakala sengathi ayikho into ehamba kahle. Kuyethusa uma izinto zingahambi kahle.

Kwesinye isikhathi ushintsho oluningi luyamdidida. Uzizwa sengathi umhlaba usushintshe kakhulu kunalendlela awazi ngayo. Akuselona leli hlathi alaziyo. Lokhu kwenza u-Enzokuhle azizwe **edabukile**.



Umama elele eduze nogogo wakhe u-Enzokuhle, uzizwa engcono futhi ephephile. Lokhu **kuyamjabulisa**. Ugogo nomkhulu wakhe manje bayazi ukuthi udinga ukugonwa ukuze azizwe ephephile.



U-Enzokuhle uyazikhumbula ezinye izilwane emfuleni. Uyazi ukuthi ugogo nomkhulu bahlala bekhona kodwa ngezinye izinsuku uzizwa sengathi akanamuntu.



Uma emgonile umkhulu uyamtshela ukuthi naye uyawukhumbula umhlambi wezindlovu emfuleni.

Uma bezizwa sengathi babodwa, benza sengathi banezinye izindlovu emfuleni. Bacabanga ngezikhathi ezimnandi futhi bakhumbule ukuthi zisezoba ziningi izikhathi ezimnandi futhi, maduzane nje!



Ngelinye ilanga, Abangani Abakhulu Abahlanu babezixoxela – kodwa babeqhelelene!

ULerato wabatshela ngemizwa yakhe yokucasuka.



“Nami ngizizwa kanjalo”, kusho uBulumkho. Abanye banqekuzise amakhanda.



“Emuva kwalokho ngizisole,” kusho uRudi esholo phansi. Zonke ezinye izilwane zizifihle ubuso ngokuzisola. “Nathi siyazisola ngokuthi sizwisa ezinye izilwane ubuhlungu.”



“Ngezinye izinsuku ngizizwa ngidabukile,” kusho u-Enzokuhle. “Nathi sizizwa sinokudabuka ngezinye izikhathi,” kusho uLena noLerato.

Aqhubeke uLena athi, “Kodwa nginokujabula futhi!”

ULerato, uBulumko, uRudi kanye no-Enzokuhle nabo bangenelele bathi, “Yebo, yebo, yebo!”

Nabo phela banazo izinsuku zenjabulo.



URudi utshela abangani bakhe ukuthi unokwesaba. Bonke bavumela phezulu bathi, “**NAMI FUTHI!**”

Abangani Abahlanu Abakhulu baqale bahleke. Sebeyabona manje ukuthi bonke banemizwa efanayo.

“Sonke siyacasuka, sizizwa sidabukile, siyazisola, sinokujabula, kanti futhi siyesaba!”

“Yimizwa Emikhulu Emihlanu!”

“Yini enisizayo uma nizizwa nicasukile, nidabukile, nizisola, ninokujabula, noma ninokwesaba?” Izilwane ezindala zibuza Abangani Abahlanu Abakhulu.

Usakhumbula ukuthi yini esizayo?



Waphendula uRudi wathi, “Ngizizwa ngingcono uma umama engitshela ukuthi uzokwenza isiqiniseko sokuthi ngiphephile kanti futhi uzongivikela ezintweni ezimbi nezethusayo!” Izilwane lezi zicabanga ukuthi kuyasiza ukwazi ukuthi zingakhuluma nobani uma zizwa Imizwa Emikhulu Emihlanu.



“Ngiyathanda uma ubaba engilalela futhi ecabanga ngalokho engikuzwayo ngaphakathi,” kusho uLerato. “Ngisho noma ngingazi ukuthi ngizizwa kanjani, ubaba uyazama ukuyipha amagama imizwa yami.”



“Kwesinye isikhathi, ngisho izilwane ezindala azazi ukuthi mizwa mini esinayo!”

Zonke izilwane zihleke.



Kulungile uma kunezikhathi lapho izilwane ezindala zingazi ngoba uma zibuka izingane, zisalokhu zizibuza ukuthi ingabe lokhu okushiwo noma okwenziwa yizingane kuchazani ngemizwa yazo.

Kuyazisiza izilwane ezincane uma izilwane ezindala zibanakekele futhi zibapha isikhathi **sokudlala** nazo!

“Uma sidlala ndawonye kuyasiza! Kuyangisiza ukuthi ngibonise imizwa yami futhi ngijabule,” kusho uLena.



“Kuhle ukuthi ezinye izinto ezifana nemisebenzi yansuku zonke, izikhathi kanye nemithetho, zisafana nakuqala ngenkathi ezinye izinto zishintshile!” kusho uLerato.

“Ubaba uhlala engitshela ukuthi ukulala, ukuzivocavoca nokudla ukudla okunomsoco kuyasiza,” kusho uLena.



“Umamncane uyazi ukuthi ngezinye izinsuku kulula ukwenza izinto kodwa kwezinye izinsuku kunzima. Uthi kulungile lokho,” kusho uBulumko. “Kulungile uma ngingenzi yonke into ngendlela eqondile noma ngidinga isikhathi esithe xaxa. Umamncane wami ungitshela ukuthi kulungile ukuba namalanga amnandi kanye nalawo angemahle.”

Izilwane ezindala nazo ziyazi ukuthi kuyazisiza izilwane ezincane uma zihlala nazo kanye nemizwa yazo noma zibe nendawo yokukhuluma ngezinto ezinzima.

Lokhu kusiza izilwane ezincane ukuba zifunde ukuthi zingabhekana nemizwa yazo.

“Uma ngizizwa sengathi angikwazi ukwenza okuthize, ugogo uyangikhumbuza ukuthi kukhona engikwazi ukukwenza, njengokuthi ngiyakwazi ukwenza izinto ezingisizayo nezisiza ezinye izilwane!” kusho u-Enzokuhle.



“Ngizizwa ngiphephile uma umkhulu engigona! Kumnandi uma ngizizwa **ngithandwa!**”



Ngokuhamba kwesikathi, ezinye zezinguquko azisekho nzima kangako. Imbungulu engumanyonyoba izithathile ezinye izilwane nezinye izinto. Ilethe ushintsho olukhulu. Kodwa kuningi futhi okungashintshile.



Imizwa Emikhulu Emihlanu isaqhubeka ibuye kodwa Abangani Abakhulu Abahlanu bayakwazi ekumele bakwenze nokuthi bangaluthola kuphi usizo. Izilwane ezindala nezincane zifunde izindlela zokusebenzisana nemizwa yazo. Manje seziyazi ukuthi zingabhekana nemizwa yazo ngezikhathi ezinzima.

Ingabe wena nomuntu omdala nisakhumbula ukuthi yini esiza Abangani Abakhulu Abahlanu?

Ekugcineni, Abangani Abahlanu bayazi ukuthi ezinsukwini ezinzima, ziba khona nezinsuku ezimnandi.

Izinsuku ezimnandi lapho Abangani Abakhulu Abahlanu bengazidlalela, bazixoxele futhi babe ndawonye.



Uma ucabanga ngezinsuku ezimnandi ucabanga ngani?



Imizwa Emikhulu Emihlanu
Nembungulu Engumanyonyoba

Ibhalwe futhi yadwetshwa nguSiobhán Sweeney
Ihunyushwe nguYamkela Khoza

© Siobhán Sweeney 2020.



www.siobhansweeney.co.za

siobhan@humannature.co.za